The Water Dialogues-South Africa
“khulisa ukulethwa kwawo ngokuxoxisana”

Iyini i- Water Dialogues–South Africa?
I- Water Dialogues – South Africa (WD-SA) yisakhiwo esinezinhlangano ezehlukene ezibambe iqhaza esihlose ukwenza ngcono ukulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle eNingizimu Afrika sisebenzisa ucwaningo kanye nokuxoxisana. Asiluniki usizo ngqo emiphakathini, kodwa sihlose ukufaka imibono kwinqubomgomo kanye nasekwenzeni ngcono ukulethwa kwawo.

Sizibandakanyelani nezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle emphakathini?

Kuwo wonke umhlaba abantu abaningi abanawo amanzi aphephile okuphuza, kanti futhi abafinyeleli ekulahlweni kwendle ngendlela okuyiyo. NaseNingizimu Afrika, kusekhona abantu abaningi abangakafinyeleli emanzini okuphuza aphephile kanye nasekulahlweni kwendle okulindelekile, noma ngabe uhulumeni uzimisele kangakanani ukukufeza lokhu. UMthethosisekelo uthi wonke umuntu unelungelo lokufinyelela emanzini anele, ngalokhoke uhulumeni unomthwalo wokuhlinzeka abantu bakhe ngamanzi kanye nokulahlwa kwendle okwanele, okuphephile, okutholakalayo futhi okungabizi kakhulu.

Inhloso yalolu hlelo *wukunika uhulumeni imibono ngokuthi angawaletha kanjani amanzi ngendlela engcono*. Izinhlelo ezifana nalezi ziyenziwa emazweni amane anjego: Brazil, Philippines, Uganda, nase Indonesia.

Ngubani oletha ezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle eNingizimu Afrika?

Kungumthwalo woMasipala ukuletha izinsizakalo zezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle ngoba yibona abanegunya kwezamanzi bango- Water Service Authorities (WSAs). UMasipala angakhetha ukuthi kube nguye uqobo oletha amanzi, noma aqashe enye inhlangano esikhundleni sawo ukuthi ilethe amanzi njengomhlinzeki wezamanzi i-Water Service Provider (WSP).

OMasipala babhekene nezinselelo eziningi, isibonelo bangaba bancane noma babe ngabasha, futhi bangaswela imali noma abasebenzi abangochwepheshe. Kungenzeka kufanele ukuthi banike abantu abaningi ezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle abangakaze bazithole lezi zinsizakalo ngaphambili. Abanye omasipala banamanzi amancane kakhulu ngoba izindawo zabo ziwugwadule.

Amanye amaqoqo athi akube yizinkampani ezizimele okumele zisize ekuletheni ezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle. Abanye bathi akuqashwe izinhlangano zomphakathi ama- Community Based Organisations (CBOs) noma amabhodi ezamanzi ukuthi asize.

Iyini Injongo yomsebenzi wethu, futhi sisebenza kanjani?

Injongo yalolu cwaningo ukubukisisa zonke izinhlobo zezinhlangano eziletha amanzi eNingizimu Afrika bese sibona ukuthi yiziphi ezenza kangcono ekuletheni izinsizakalo.

Thina be- WD-SA siholwa yiqoqwana elincane i- small Working Group (WG), kanti umsebenzi wethu wenziwa ngezindlela ezintathu:

- *Senza ucwaningo ezindaweni ezihlukile*. Sibheka ukuthi amanzi alethwa kanjani, futhi nabantu bakuzwa kunjani ukulethelwa amanzi ezindaweni ezihlukile.

- *Siqala uhlelo lokuxoxisana.* Sihlanganisa abantu kanye nezinhlangano ezibambe iqhaza kwezokulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle eNingizimu Afrika, ukuze kuxoxwe futhi kuboniswane ngokutholakele mayelana nokulethwa kwamanzi.

- *Siyabelana ngokutholakele.* Siyokubhala lokho okuyizifundo ezivela kulolu cwaningo kanye nasezingxoxweni, bese sabelana ngokutholakele nabanye abantu ukuze kwenziwe ngcono ukulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle.

Ngabe sizosebenza kuphi?

I-WD-SA ikhethe izindawo lapho amanzi elethwa khona yizinhlobo ezihlukile zezinhlangano. Lezi zindawo ezintathu yilezi- Ugu, Ilembe kanye ne-Bushbuckridge. Kusukela kulokho okuzotholakala kulolu cwaningo, i-WD-SA ihlela ukwenza ucwaningo kwezinye izindawo futhi.

Sifisa ukuthola okuningi ngokusemandleni ngokulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle ukuze siqhathanise lokho esikuthola endaweni eyodwa kulokho esikuthola kwezinye izindawo.

Sizokhuluma nobani?

Wonke umuntu uyawadinga futhi uyawasebenzisa amanzi (amadoda, abesifazane kanye nezingane; abacebile kanye nabampofu; abantu abakhubazekile; abadala nabancane; abagulayo kanye nabaphilayo; njalo njalo). Simele ukukhuluma nazo zonke izinhlobo zabantu ukuze sithole imizwa yabo ngokulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle.

Abakwa-WD-SA baqashe abacwaningi abazimele ukuze benze lolu cwaningo. Ngaphambi kokuthi baqale ukusebenza kunoma iyiphi indawo, abacwaningi bayothintana nabo bonke abaphathi abadinga ukuthintwa ukuze bakwazi ukungena. Bese ke abacwaningi bekhuluma:

- nabakwamasipala kanye nalabo abaletha amanzi
- amalunga omphakathi ajwayelekile asebenzisa amanzi
- abaholi bomphakathi, kanye nabantu abavela emakomitini kanye nakwezinye izakhiwo zomphakathi ezenza izinqumo ngamanzi omphakathi.

Kungani kumele imiphakathi ibambe iqhaza ocwaningweni lwethu?

Ukuguqula inqubomgomo kuthatha isikhathi eside ngaphambi kokuthi abantu bathole inzuzo ngawo. Kodwake ngokuba yingxenye yalolu cwaningo, umphakathi obambe iqhaza:

- uyothola ukuqonda okungcono ngezindaba zezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle
- uyosizwa ngabacwaningi ngenqubo yohlelo lokucabanga kanye nolokubhalisa ubunjalo besimo
- unike ulwazi oluyosiza ngokuguqula inqubomgomo yezamanzi kanye neyokulahlwa kwendle, eyosiza abantu ezweni lonkana.

Ngabe lokhu kuzoyiguqula kanjani indlela usizo olulethwa ngayo?

Kothi uma sekuphuma imiphumela yocwaningo, isigungu se- WD-SA Working Group siyobheka futhi sixoxe ngemiphumela. Izinhlangano eziku- Working Group zizibophezele ngokuqinisekisa ukuthi imiphumela ibe nemithelela kwinqubomgomo yezamanzi kanye nokulahlwa kwendle. Uma inqubomgomo iguquka kuzwelonke, kumele iguquke nendlela yokulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle emphakathini.

Ngabe yikuphi esingakwenza noma esingekwenzele imiphakathi?

Siyoyinika imiphakathi ulwazi olungayisiza ukuthi iqguqguzele ukwenza ngcono isimo samanje sokulethwa kwamanzi kanye nokulahlwa kwendle. Lolu lwazi:

- luyoba wumbiko wocwaningo ohlanganisa ulwazi olunikwe imiphakathi yayo kanye neminye imiphakathi esendaweni, kanye ne-WSP ne –WSA yendawo
- Imininingwane yezinhlangano ezisebenza ngezamanzi kanye nezokulahlwa kwendle

Ngeke sikwazi:

- Ukungena emibhidlangweni yokukhulumela umphakathi
- Ukulamula nganoma iyiphi indlela ebhekise ekuxazululweni kwezinkinga eziphethe abantu ezimayelana namanzi, ukulahlwa kwendle kanye nezinye izinto.

Ngubani u-WD-SA futhi sisebenza kanjani?

U-WD-SA uholwa yi- Working Group (WG) omalunga ayo amele lezi zakhiwo ezilandelayo:

- Uhulumeni kazwelonke kanye nowezindawo
- Izakhiwo ezizimele
- Izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni-NGO (eziletha izidingo kanye nezilwela izidingo) kanye nezinhlangano zomphakathi ama-CBO
- Izinyunyana zabasebenzi
- Amabhodi amanzi
- Izinhlangano zemfundo ephakeme /kanye nezocwaningo

Amalunga esigungu se- Working Group

- I- Bloem Water
- UMnyango wezaManzi kanye namaHlathi
- Isigungu esiqaphe imvelo i-Environmental Monitoring Group
- UMasipala wase-Thekwini
- I-Johannesburg Water Management
- I-South African Local Government Association
- I-South African Municipal Workers Union
- I-South African Water Caucus
- I-The Mvula Trust
- I-Water Information Network- SA
- I-Water Research Commission
- I-Water and Sanitation Services South Africa

Isigungu se- WG sihlangana njalo ezinyangeni ezintathu ukuqondisa kanye nokubamba amaxoxo. Umxhumanisi we-WD-SA unesibopho sokwenza ukuthi le nqubo yenzeke, ebe esekelwa yi-Project Officer kanye no Administrator abasebenza ingxenye yesikhathi.

I- WD-SA ixhaswe yi- Irish Aid. Imali iphethwe yi- Environmental Monitoring Group (inhlangano engekho ngaphansi kukahulumeni ezinze e-Cape Town). Amalunga esigungu se-Working Group, anikela ngesikhathi sawo, kanye nezindleko ezimayelana nokubamba iqhaza. I- Heinrich Boll Foundation yanikela ngemali yokuthi luqale

Sihlela ukusebenzisana kanjani na?

Amalunga esigungu se-Working Group avumelana ngenqubo yokuziphatha i-Code of Conduct, ukuqondisa indlela abasebenzisana ngayo. Lokhu kusiza ekuxazululeni ukungqubuzana kwemibono kwamalunga. Kuhlanganisa:

- Ukubeka konke obala futhi ngokucacile
- Ukugcina njengesifuba lezo zindaba ezisadingidwa
- Ukubuyela kumalunga ngezakhiwo ngezakhiwo
- Ukwamukelwa kwemiphumela yimiphakathi ngokuphelele
- Imiqondo evulekile, ukubambisana kanye nomoya wokufunisisa
- Ukuqala kabusha, ukuba namandla kanye nenqubekela phambili
- Ukusebenzisana ukuze kutholakale izixazululo ezisebenzisekayo
- Ukuzinikela kwinqubo
- Ukuhloniphana
- Ukuzwela ukujula kwesimo
- Ukuhlonipha imibono yabayingcosana

Ungasithinta kanjani?

Uma unemibuzo ngalolu hlelo, sicela uthinte:

U-Mary Galvin (Coordinator), The Water Dialogues - South Africa
115 Sir Duncan Road, Glenwood, Durban, 4001
Tel: 031 205 8610, Fax: 031 205 9034,
Email: waterdialogues@mail.ngo.za
Website: www.waterdialogues.org